


UZama uvukile ulungiselela ukuya esikoleni.

Uyacabanga ukuthi ngubaba ozomphekela umdokwe.





Kazi uzobuya nini umama.
Umnandi umdokwe
kamama.

“Futhi unginikeza amandla engiwadingayo esikoleni.”





Umdokwe kababa ulungile.

Ubaba uthela uju nobisi ngothando.





“Awumnandanga lo mdokwe! Udinga ushukela.”

Uyacabanga futhi uZama,
“Ukube bekungumama,
ngabe umnandi lo
mdokwe.”





UZama ucela ushukela kubaba.

Ubaba uthela ushukela.





"Wu! Baba! Uthele usawoti!"

“Baba, ubuya nini umama?”



